HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (PIII)

JUNI 2016

IBANGA LE-10

GRADE 10

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-6

**SEKUNGAWE MFUNDI !!!**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-70
ISIQEPHU B: amaminithi angama-30
ISIQEPHU C: amaminithi angama-20

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
   ISIQEPHU A: (Izindaba)
   • Ubude bendaba

   Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)
   • Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
   • Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

# ISIQEPHU A

## INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni ayi -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Engizibona Ngiyikho Eminyakeni Eyishumi Ezayo. [50]

1.2 Iphalamende laseNingizimu Afrika seliphenduke inhlekisa emazweni angaphandle ngenxa yokungabi nokunhloniphana kosopolitiki kulona. Bhala indaba, ubeke umbono wakho ngalokhu. [50]

1.3 Kufanele yini ukuba kusetshenziswe ulimi lwesiNgisi emasontweni angaxubile izinhlanga. Bhala indaba yakho ezoveza imibono yakho ngalokhu. [50]

1.4 Baningi abantu abasizakalayo ngokudlala imidlalo egcina isiyisinkwa sabo sokuziphilisa. Bhala indaba esihloko sithi: Usaziwayo Oyisibonelo Esihle Kimina. [50]

1.5 Isikhathi samanje sidinga ukuthi abazali basebenze bobabili. Lokhu kwesinye isikhathi kuyabaphazamisa abantwana. Bhala indaba yakho uxoxe ngemiphumela yalokhu. [50]

1.6
Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

AMAMAKI ESIQEPHU A:50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

2 Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi Yobungani**
Usufundile waqeda isikole nokufundele umsebenzi waze wazimela. Ubona kufanele ukuthi wenze umcimbi wokubabonga. Bhalela ugogo umxoxele isizathu sokuthi wenze lowo mcimbi [30]

2.2 **Umlando Ngomufi**
Umalume ebenizwana kakhulu naye uvele washona ngokukhulu ukuzuma lokhu. Umndeni ukucele ukuthi ubhale umlando wakhe. Bhala UMLANDO KAMUFI ozowufunda ngosuku lomngcwabo. [30]

2.3 **I-Athikhili Yephephandaba**
Bhala i-athikhili yephephandaba ngesihloko esithi: Ucwaningo Luveza Ukuthi Umakhalekhukhwini Uyisiphazamiso Kubafundi. [30]

2.4 **Ingxoxo**
Njengoba sekuzoqala ukuhlolwa kwamaphakathi nonyaka ubone kungcono uke uyothi ukuhlala komalume ulungiselela ukuhlolwa nomzala wakho okhaliphile. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nomama ucela ukuyovakashela kwamalume. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **Isikhangisi**
Esikoleni kuzoba nomncintiswano wokukhuthaza abafundi ukuthi baziqalele amabhizini abo. Iqembu lakho osebenzisana nalo kwelenu ibhizinisi libe nomhlangano lapho kuvunyelwene ngokuzodayiswa yini. Bhala ISIKHANGISO ozoheha ngaso abathengi [20]

3.2 **Idayari**
Ubuvakashele eGoli Kanye nomndeni wakho izinsuku eziyi-3 ngamaholide ePhasika. Bhala idayari uveze ebenikwenza.[20]

3.3 **Isimemo**
Abazali bakho sebeqeda iminyaka engama- 20 beshadile. Wena nezingane zakwenu nihlele ukubenzela umcimbi wokubungaza lolu suku. Bhala isimemo enizosithumela ezihlotsheni zenu. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**